# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngosuku lokukhumbula ukubethelwa nokufa kweNkosi, ngomhla ka 06. 04. 2012
20/2012

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 98/90

2. **Umkhuleko:** Kristu Mvana kaNkulunkulu, sihawukele, Kristu Mvana kaNkulunkulu, sihawukele, Kristu Mvana kaNkulunkulu, sihawukele, Kristu Mvana eyahlatshwa emthini, siphe ngomusa ukwenama kwakho. Amen.

3.1 Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-2 kwabaseKorinte 5:14-21;
3.2 Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 19:16-30.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 93/85
6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Iphistola** ngohlelo lwesine lilotshiwe kumaHeberu 9:15.26b-28, lithi: “Ngalokho-ke ungumlamuleli wesivumelwano esisha, kuze kuthi ngokufa okungenxa yokukhululwa eziphambekweni zesivumelwano sokuqala ababiziweyo bazuze ifa eliphakade elathenjisiweyo. ... kodwa kalokhu ubonakalisiwe kanye ekupheleni kwezikhathi ukuba asuse izono ngokuzinikela kwakhe. Futhi njengalokhu kumiselwe abantu ukuba bafe kanye, emva kwalokhu ukwahlulelwa, kunjalo noKristu, esenikelwe kanye ukuba athwale izono zabaningi, uyakubonakala ngokwesibli ngaphandle kwesono kulabo abamlindeleyo, kube-ngukusindiswa.” Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla leNkosi, namhla lusuku lokukhumbula ukufa kweNkosi yethu uJesu Kristu, uMsindisi wethu. Kulamavikana edlule simphelekezele uJesu endleleni yakhe yokuhlushwa. Simbonile esensimini yaseGetshemane ekhuleka ejuluka izithukuthuku zegazi; lapho abelwe khona nokufa. Eseqedile sizwa ethi kubafundi: “Sukumani, sihambe! Bhekani, ongikhaphelayo namabutho sebeseduze.” Ngamehlo engqondo nawenhliziyo, simbona ethwele isiphambano, eshaywa, ekhafulelwa nangamathe, edunyazwa, efakwe nomqhele wameva, elahlwa yibo bonke bethi: “Makabethelwe esiphambanweni, igazi lakhe malibe phezu kwethu, naphezu kwabantwana bethu.” Nguye lowaya ehamba eqonda entabeni eGolgotha, ethwele isiphambano nalapho afike wabethelwa khona nezelelesi ezimbili, uJesu ephakathi kwazo. Wafaniswa njengomuntu onecala, kodwa lalingekho. Icala lami nelakho, kanye nelezwe jikelele laliphezu kwakhe. Waba ngoqalekisiwe ngenxa yezono zethu.

Thina bandla, sahawukelwa ngothando nangomusa kaNkulunkulu, ukuze singalahlwa. UJesu wasilamulela olakeni lukaNkulunkulu, waba nguMlamuli olamulela abantu abalwayo, ukuze labantu bahlalisane ngokuthula, babuyisane njengoba uPawulu esho ethi: “Konke kuvela kuNkulunkulu owenza ukuba sibuyisane naye ngoKristu, wasinika inkonzo yokubuyisana, ngokuba uNkulunkulu ekuKristu wenza ukuba izwe libuyisane naye engababaleli iziphambeko zabo, ebeka kithi izwi lokubuyisana,” 2 Kor. 5:18-19. Singebheke kakhulu okudala, ngoba sikudlulile manje, kwakuyisithunzi salokhu okusha okuvelile ngokufa kwakhe. Igazi lakhe

lanele ukuba lisihlambulule ezonweni zonke. Namhla usuku lokuzikhalela nokucela umusa kuNkulunkulu ngenxa yezono zethu. UJesu unguMlamuleli wesivumelwano esisha, okwenziwa nguye kwanele, kuphelele, kugcwele, kuyachichima. Thina esikuKristu siyizidalwa ezintsha, okwakuqala kudlulile, sekuvele okusha ngokufa nangokuphalala kwegazi likaJesu esiphambanweni, okuyilona elanele neliphelele ukuba sigezwe ngalo ezonweni zonke, lisihlambulule kukho konke ukungalungi kwethu.

Ngithé usuku lokuzikhalela, lokukhalela izono, ngoba uma sithi asinasono siyazikhohlisa, senza uNkulunkulu umqambimanga, ngokunjalo nezwi lakhe alikho kithi, neqiniso alikho kithi. Ngubani ongenasono phakathi kwethu na? Ake sikhumbule ababhali kanye nabafarisi nowesifazane, owabanjwa ephinga, bamletha kuJesu basho abakushoyo ngaye, uJesu esezwile konke abakushoyo ngaye, wathi: “Ongenasono phakathi kwenu kaqale amshaye ngetshe!” Bonke baphuma bamshiya nalo wesifazane. Balahlwa onembeza babo, wena-ke uthini namhla owunasono na? Uthini unembeza wakho kumbe owami? Ake siphendule lombuzo ngeqiniso! Uma singenazono sizofunani lapha namhla? Kungenxa yokuthi izono zisibambile, simthukuthelisile uNkulunkulu. Sizocela umusa nokuthethelelwa kwezono zethu, nokuthi uNkulunkulu uBaba angasibaleli zono, Kakhulu uyafuna namhla ukubuyisana nathi, ukuze thina esibiziweyo sizuze ifa eliphakade, asethembise lona.

Bandla likaKristu, uJesu ufuna ukususa konke okubi kithi, ufuna ukusihlenga ngegazi lakhe, uzinikela esiphambanweni ngenxa yethu, abe umhlatshelo wezono zethu. Uyazithoba ukuba thina sisindiswe, esingabantu abalahlekile nabalahliweyo. Yebo, walalela uYise kwaze kwasekufeni, yebo, ekufeni kwesiphambano. Yebo, wazithoba. Ngokufa kukaJesu, ukufa kunqotshiwe, usikhululile ekufeni kwaphakade, okungukulahlwa nokubhujiswa. Akusadingeki ukuba sesabe ukufa njengabantu abangenathemba lokuphila okuphakade. Ukufa noSathane uJesu ukunqobile, nathi sonqoba ngaye.

UJesu wafela bonke abantu, kodwa ukufa kwakhe kusiza labo abakholwayo ukuthi unguMsindisi wabo. Ongakholwa nguye kamukeli inzuzo yomsebenzi wakhe. Izono ziyisifo esidinga ukwelashwa, kodwa zingelashwe ngemithi yezinyanga nodokotela besilungu. Kodwa zelashwa ngegazi likaJesu, noma egazini likaJesu kuphela. Yebo, kumiselwa abantu ukuba bafe kanye, sonke siyakwazi lokho, kodwa abanye abakwazi lokho. Asinamandla okukubalekela, kodwa babusisiwe abafele eNkosini, siyambonga uNkulunkulu owasinika amandla ngokunqoba kweNkosi yethu uJesu Kristu. Ukufa kugwinyiwe, kwaba ukunqoba, “Kufa, awusenamandla phezu kwethu.” Emva kokufa kulandela ukwahlulelwa, indaba ayipheli ekufeni nje. Kulandela ukwahlulelwa okuyinto esabekayo, ngoba asinamandla okuziphendulela, okuhle sinaye uMmeli noMshwelezeli wethu uJesu. UJesu-ke uyobonakala ngokwesibili ngaphandle kwesono, kulabo abamlindileyo, noma kulabo abamlindelayo, kube ukusindiswa kwemiphefumulo yabo. UJesu wenza umsebenzi wakhe wokusifela nokusihlenga ngegazi lakhe, kwaba kanye kuphela. Yebo, “kufeziwe!” Kupheleliswe konke okuqondene nokusindiswa kwethu. INkosi mayibe nathi ePardisi layo! Amen.

9. **Umkhuleko:** Wena Wundlu elahlatshwa ufanele ukwamukela amandla nengcebo, nokuhlakanipha, nokunqoba, nodumo nenkazimulo, kuze kube nini-nini. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 86/76

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo- 2005 ngu-E. Mkhabela
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.